

SITJHEJIWE SECONDARY SCHOOL



IBANGA LE-10

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL) IPHEPHA LESITHATHU (P3) MFUFU 2025

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: Amahora ama-3



Leliphepha linamakhasi ayi- 5

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukane iswe iziqephu EZIMBILI:

ISIQEPHU A: Indaba: (50)

ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo: (2 x 25) (50)

QAPHELA: Abahlolwayo balindeleke ukuba baphendule imibuzo EMIBILI ESIQESHINI B.

2. Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini A, NEMIBILI esiqeshini B.
3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.
4. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.
5. Bhala ukhombise amalungiselelo (isibonelo: sebenzisa umdwebo osalulwembu/ifloshadi; amaphuzu asemqoka), phinda ufunde bese ulungisa namaphutha. Amalungiselelo mawabhalwe NGAPHAMBI kokuphendula umbuzo owukhethile.
6. Amalungiselelo owabhalile kumele abonakale. Uyayalwa ukuba lawo amalungiselelo uwakhansele ngokudweba umugqa ovundile ekhasini.
7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:
 ISIQEPHU A: Amaminithi ayi-100
 ISIQEPHU B: Amaminithi angama-80 (2 x 40)
8. Ungaziguquli izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.
9. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo kuphela.
10. Qaphelisisa upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU A: Indaba

UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Bhala inombolo kanye nesihloko sendaba yakho.

1.1 Bhala indaba ezophetha ngalawa mazwi:

'Hawu kanti ngiyaphupha!' (50)

1.2 Ngiyayithanda indlela abazali bami abangikhulisa ngayo. (50)

1.3 Ngiyazisola ngesinqumo engasithatha (50)

1.4 Ukwakhiwa kwenxanxathela yezitolo emiphakathini kunemiphumela emihle nengemihle! (50)

1.5 Imfundo iwukhiye wempilo. Vumelana noma uphikisane nalesi sitatimende. (50)

1.6 Izithombe ezilandelayo zichukuluza imizwa kanye nemicabango.

Khetha isithombe ESISODWA ubhale ngaso indaba. Bhala inombolo yombuzo (1.6.1, 1.6.2 noma 1.6.3) bese uyinika isihloko indaba yakho.

QAPHELA: Indaba yakho mayibe nobudlelwane nesithombe osikhethile.

1.6.1



[Sithathwe ku-www.inspirationalpics.com] (50)




1.6.2



[Sithathwe ku-www.educationalpics.com]

(50)

1.6.3



[Sithathwe ku-www.inspirationalpics.com] (50)

AMAMAKI ESIQEPHU A: (50)

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 2

- Phendula imibuzo EMIBILI kulesi siqephu.
- Bhala ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120 umbhalo ngamunye.

2.1 INCWADI YOBUNGANI

Umzala wakho oyenza ibanga lesi-9 useqala imikhuba emibi ekhathaza umdeni.

Bhala incwadi umxwayise ngobungozi kanye nemiphumela engemihle ngalokhu akwenzayo. [25]

2.2 UMLANDO KAMUFI

Kushone elinye lamangu omdeni wakho emva kokugula isikhashana. Umdeni ucele ukuthi ubhale umlando walo. [25]

Bhala umlando ngomufi.

2.3 INKULUMO ELINGISELELWE

Umenyiwe ukuba uzoba ngomunye wezikhulumi emcimbini wokufundisa ngokuziphatha uma ungumuntu omusha.

Bhala inkulumo ozoyethula kulowo mcimbi. [25]

2.4 INKULUMO- MPENDULWANO

UTHishomkhulu ube nengxoxo nawe mayelana nokungasigcini isikhathi njengoba kubhalwa izivivinyo zokuphela konyaka nje.

Bhala inkulumo-mpendulwano ebe phakathi kwenu nobabili. [25]

2.5 INCWADI YOKUCELA UMSEBENZI

Isitolo sakwa Boxer Superstore (Pty) LTD, PO BOX 27182, Broonkhorspuit. 1020 Sinesikhala somsebenzi wangamaholide kaZibandlela, kufuneka umuntu okwazi ukukhuluma izilimi ezahlukenene nonolwazi lokusebenza ngezimali.

Bhala incwadi ucele umsebenzi [25]

2.6 I-MEYILI ENGABEKELWE MIGOMO

Umngani wakho nabazali bakhe bavelelwe yingozi balimala kabi baphuthunyiswa esibhedlela.

Mbhalele i-emeyili engabekelwe migomo umduduze uphinde umqinise idolo Ngalokhu okumehlele. [25]

AMAMAKI ESEQEPHU B: 50
AMAMAKI ESEWONKE: 100